

Izidakamizwa “zobuciko” zibanjwe e-ORTIA

Tshwane, 6 Masingana 2024 – Izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni loPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika zibambe izidakamizwa ezingamakhilogremu angama-23 ebezifihlwe njengezinto zobuciko, zenani lasemgwaqeni elilinganiselwa ku-R37-million, eshedeni lempahla lase-OR Tambo International Airport kuleli sonto.

Izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni bezizulazula zihlola njengenjwayelo ngenkathi zihlangana nebhokisi ebelilibangise e-New Zealand. Ibhokisi beliqukethe ubuciko obubunjiwe, obebubukeka busolisa. Izisebenzi zisebenzise ikhithi yokuhlola izidakamizwa kwathi ezinye zezinto zatholakala ukuthi zine-*crystal meth*, enesisindo esingu-10kg.

Ukuhlola okwenziwa uPhiko LwamaPhoyisa aseNingizimu Afrika (i-SAPS) kwezinye izinto kuthole ukuthi zine-*fentanyl* enesisindo esingu-13kg. Izidakamizwa zibe sezinikezelwa emaPhoyiseni ukuze aqhubeke nophenyo.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uncome ukuqapha kwezisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni okuyizo ezithole lezi zidakamizwa. “IHhovisi lakwaSARS Elilawula Impahla Emngceleni lizokwenza konke okusemandleni ukunqanda ukungeniswa noma ukukhishwa kwezidakamizwa kanye nakuphi okunye okungekho emthethweni okubanga inhlungu engaka nobunzima emindenini, ikakhulukazi entsheni yayo.

“Abashushumbisa izidakamizwa kumele bazi ukuthi umnyango weHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni lizinikele kulokhu elikuphokophele, futhi lizokwenza ngaphandle kokusaba noma ukwenzelela kulezo zigebengu ezibandakanyeka ekuhwebeni ngezidakamizwa. Kumele bazi ukuthi bazobhekana nengalo yomthetho,” kusho uKhomishana u-Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne SARSMedia@sars.gov.za.

Bheka izithombe ngezansi.

